## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Yilo olele emashidini amhlophe.√/Umbhali (1)

1.1.2 Umshayeli owayeqashwe abazali bakhe.√ (1)

1.1.3 A√/Ukubiza kakhulu kwento ngokwenani.√ (1)

1.1.4 Isibhedlela/Umtholampilo.√ (1)

1.1.5 Okubili kwalokhu:
- Abazali babebaqashele umshayeli owayebahambisa abalande esikoleni.√/
- Abazali babebaqashele umama owayebanakekela abasize kuzo zonke izidingo zabo.√/
- Babenzelwa konke abakudingayo.√/
- Babefunda esikoleni esibizayo. √ (2)

1.1.6 Abadukelana√√/abalahlekelana nezihlobo zabo√√/ababhungukile.√√ (2)

1.1.7 Wagcina esedla izidakamizwa njengesoka lakhe.√√ (2)

1.1.8 Isoka lakhe lalidayisa ngaye kubangani balo ukuze lithole imali.√√ (2)

1.1.9 UMnyango wezaseKhaya√√/kwaNdabazabantu.√√ (2)

1.1.10 Okukodwa kwalokhu:
- Akekho owamxosha ekhaya wavele wazihambela ngokuthanda kwakhe nje.√√/
- Akasenaso isiqiniseko sokuthi lisekhona ikhaya lakubo endaweni abashiya kuyo.√√

(Nokunye okunembayo) (2)

1.1.11 Okukodwa kwalokhu:
- Kubalulekile ukulalela uma uboniswa ngento engase ibe yingozi.√√/
- Kuhle ukulalela abazali bakho.√√

(Nokunye okunembayo) (2)

1.1.12 Akulona iqiniso. Indaba ikuveza ngokusobala ukuthi waphoqwa yisoka lakhe ukuba ayohlala nalo efulethini.√√ (2)

1.1.13 Omakhelwane yibona abamlethe lapha esibhedlela.√√ (2)

1.1.14 Izimpendulo ziyohluka:
(Kungahambisana nokulandelayo)

- Lalifuna ukumshintsha isibongo ukuze abakubo bangamtholi.√√/
- Lalifuna angabuyeli ekhaya alishiye.√√
  (Nokunye okunembayo) (2)

1.2 1.2.1 Babili√ (1)

1.2.2 A√/Ematsheni √ (1)

1.2.3 Amasosha.√ Kubonakala ngendlela abagqoke ngayo.√ (2)

1.2.4 Uphoqelekile√√/Siwumfaniswano.√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

**Amaphuzu angabhekwa:**

| INOMBOLO | AMAPHUZU ACASHUNIWE | AMAPHUZU AHUNYUSHIWE |
|---|---|---|
| 1. | 'Kumele ube nemali eyanele ukuze ukwazi ukuyipha ukudla okunempilo'. | Inja idinga ukuthengelwa ukudla okunempilo. |
| 2. | 'Imithi yokugeza inja nayo iyabiza kepha kuyaphoqa ukuba ithengwe'. | Kudingeka imithi yokuyigeza inja ukuze ihlale ihlanzekile. |
| 3. | 'Imali iyadingeka ukuze kuthengwe izinsimbi eziphakeme zokubeka udoti ukuze inja ingakwazi ukuwufinyelela kalula kuwo'. | Kufanele kuthengwe izinsimbi zokwakha indawo yokubeka udoti ukuze inja ingabahlephuli opulasitiki. |
| 4. | 'Umuntu ofuye inja uyaphoqeleka ukuba abiye ekhaya ukuze ingaphumeli ngaphandle, yenze amacala komakhelwane. Ukubiya-ke kuyabiza, kudinga imali enkulu'. | Kuyaphoqa ukuba umuntu ofuye inja akhokhe imali abiye ikhaya. |
| 5. | 'Umuntu ofuye inja kumele abe nayo imali yokukhokhela odokotela'. | Kudingeka imali yokukhokhela odokotela bezinja. |
| 6. | 'Imali yokwakha indlu kumele abe nayo umnikazi wenja'. | Inja idinga ukwakhelwa indlu ukuze inganethi. |
| 7. | 'Kudingeka ihanjiswe, iyiswe kwa-SPCA. Lapho ulindeleke ukuthi ufike ukhokhe. Konke lokhu kuyizindleko ezibhekana nomuntu ofuye inja'. | Kuba nezindleko zokuhambisa inja kwa-SPCA uma ingasadingeki. |

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:**
**Ukwabiwa Kwamamaki:**

Ukumaka kubhekela ukuhlungwa kwamaphuzu adingwa ngumbuzo ngokwethekisthi.

- **Amamaki azocazwa ngale ndlela**:
  - Amamaki ayisi-7 ngamaphuzu ayisikhombisa (imaki elilodwa ngephuzu).
  - Amamaki ama-3 (ulimi).
  - Amamaki esewonke ayi-10.

- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi engacaphunanga amagama ngqo:**

  - Amaphuzu kusukela kweli-1 kuya kwama-3: Umfundi unikwa imaki eli-1
  - Amaphuzu kusukela kwama-4 kuya kwama-5: Umfundi unikwa amamaki ama-2.
  - Amaphuzu kusukela kwayi-6 kuya kwayisi-7: Umfundi unikwa amamaki ama-3.
  - Umfundi makangephucwa amamaki ngoba ecaphune amaphuzu enjalo.
  - Makangephucwa futhi amamaki ngoba efingqe ngesigaba.

- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi ecaphune amagama ngqo:**
  - Amaphuzu ayisi-6 kuya kwayisi-7 acashuniwe: Awekho amamaki olimi ayowathola.
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-5 acashuniwe: Umfundi uyonikwa imaki eli-1.

**Qaphela:**

- Isibalo samagama:
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Amamaki mawangasuswa uma umfundi engabhalanga inani lamagama noma engalibhalanga ngendlela efanele.
  - Uma inani lamagama leqile kwafanele, omakayo kumele afunde agcine kwamahlanu kuphela ngaphezu kwenani lamagama elibekiwe, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Okukodwa kwalokhu:
- Izilwane ezehlukahlukene√/
- Ubuhle bemvelo√ (1)

3.2 Okubili kwalokhu:
- Kunezilwane ezinhlobonhlobo.√/
- Ugibela imoto yakhona, ubuke izilwane uze udele.√/
- Ukuphepha kuqinisekiwe.√/
- Indawo yokudlela isezingeni eliphezulu.√/
- Kukhona umdanso wesintu.√ (2)

3.3 A √/esesimweni esihle.√ (1)

3.4 Ukuphepha kuqinisekiwe.√√ (2)

3.5 Okukodwa kwalokhu:
- Zenza ukwazi ukubona ukuthi yini ekhangiswayo.√√/
- Zenza ukuthi ukwazi ukubona uhlobo lwezilwane okukhulunywa ngazo.√√/
- Ukuheha abathengi.√√ (2)

3.6 Okukodwa kwalokhu:
- Ukuze kunganakeki kofunda isikhangiso.√√/
- Ngoba akuhehi abantu, ikakhulukazi abanezingane ezingaphansi kweminyaka emithathu. √√ /
- Kungenza ukuthi abafisa ukuza kule ndawo bangayithandi kahle.√√
(Nokunye okunembayo.) (2)

**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Bami√ (1)

4.2 Bonke√
Abafana bami **bonke** bazohamba.√
(Imisho izokwehluka.) (2)

4.3 Umholo√√/iholo √√ (2)

4.4 C√/Ukuyeka ukufunda isikhathi esingangonyaka bese ubuyela ngolandelayo.√ (1)

4.5 A/√ wokubalisa.√ (1)

4.6 Angiyi kofunda.√/Angiyi.√ (1)

4.7 Izimpendulo ziyohluka:
**Yebo** iyasiza uma umfundi engakakwazi kahle afuna ukukufundela. √√

**NOMA**

**Cha** lokhu kungaqeda umdlandla wokubuyela esikoleni kumfundi.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 5.1.1 Izinkulungwane ezintathu zamarandi.√Amarandi ayizinkulungwane ezintathu.√ (1)

5.1.2 Cwaka.√ (1)

5.1.3 C √/Ukuthula ungasho lutho.√ (1)

5.1.4 Okukodwa kwalokhu okulandelayo:
- Bathi befika nje kubo omama babo, babe bebacela u-R3 000.√√/
- Bathi befika nje umama wabo, wabe ebacela u-R3 000.√√ (2)

5.1.5 Kanti.√ (1)

5.1.6 Wacabangela.√ (1)

5.1.7 Wayeswele ngisho imali yokuthenga amasokisi/Waswela ngisho imali yokuthenga amasokisi.√√ (2)

5.1.8 Udinwe/Unengwe: Imisho iyokwehluka.
Izibonelo: Uvele **adinwe**√ uma engakuzwa ukuthi uthini.√
Umane **anengwe**√ uma eboniswa ngamaphutha akhe.√ (2)

5.1.9 **Le mpilo**√ ayiphila nonina isimenze waze wancipha emzimbeni. (1)

5.1.10 Imali√/Amasokisi√: Abafundi bazobhala umusho ngelilodwa lala mabizo ayimifakela. Izibonelo: **Imali** yokudla izokwenyuka. √/ Ngigqoke **amasokisi**. √ (2)

5.2 5.2.1 Bandla/Ngempela √ (1)

5.2.2 Sibahle√ (1)

5.2.3 Okubili okulandelayo:
- Zivule amaphiko .√/
- Zicijise imilomo zaze zabheka phezulu.√/
- Zikhiphe nezifuba.√ (2)

5.2.4 Umbukiso wonobuhle.√√ (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

## ISIQEPHU D: IMIBHALO

## INDLELA YOKUMAKA:

- Uma izimpendulo zingalandelananga kahle; landela okushiwo imemorandamu.
- Uma upelomagama lushintsha umqondo wempendulo; umfundi akawatholi amamaki kodwa uma ungaguquki umqondo wempendulo; umfundi uyawathola amamaki aphelele.
- Uma umfundi engasebenzisanga abacaphuni lapho kufanele khona makangaphucwa amamaki.
- Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo: YEBO/CHA noma VUMA/PHIKA kumele zisekelwe ukuze umfundi athole amamaki.
- Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo: IQINISO/AKUSILO IQINISO noma UMBONO/IQINISO kumele zisekelwe ukuze umfundi athole amamaki.

## UMBUZO 6: ISILILO

***ISILILO*** **– Gugulethu B Mazibuko**

6.1 **'KWATHI DWE' – Sphamandla Clement Mathaba**

**ISIQESHANA H**

6.1.1 Lwabesimame.√ (1)

6.1.2 Ingashayeka phansi.√ (1)

6.1.3 EGxigxi.√ (1)

6.1.4 UMdletshe. √ (1)

6.1.5 Okubili kwalokhu
- Inyoka/Ihobosha.√/
- Iqaqa.√/
- Isibankwa.√/
- Ufudu.√ (2)

6.1.6 Okubili kwalokhu:
- Uzofuna umuthi wokuthambisa indoda yakhe.√/
- Uzofuna umuthi wokuthi indoda yakhe izwe yena yedwa.√/
- Uzofuna umuthi wokuthi indoda yakhe imhloniphe.√/
- Uzofuna umuthi wokuthi indoda yakhe ishiye yonke imali yomholo kuye. √ (2)

6.1.7 A√/Ukwesaba.√ (1)

6.1.8 UMaKhoza√/Unkosikazi kaMnguni. √ (1)

6.1.9 Okukodwa kwalokhu:
- Amadoda athobela amakhosikazi awo. √√/
- Amadoda ayesesaba amakhosikazi awo. √√/
- Amadoda ayesefe ehamba. √√ (2)

6.1.10 Okukodwa kwalokhu:
- Wancengwa umngani wakhe uMdletshe. √√/
- Wayephila impilo yokuhlukunyezwa umkakhe, engasakwazi ukuzithathela izinqumo njengendoda. √√ (2)

6.1.11 Okubili kwalokhu:
- Uthi uphila ngomthandazo kodwa udlisa indoda umuthi.√/
- Ufuna indoda yakhe izwe yena ingaphilisani namuntu. √/
- Uthi indoda yakhe ayingagibeli emotweni kaMdletshe bebe besebenza ndawonye. √/
- Uhambisa indoda yakhe ngezinyawo ukuya emsebenzini. √/
- Waphoqa uMnguni ukuthi akamemeze atshele uMdletshe ukuthi ngeke esamphelezela ukuya enyangeni. √
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

6.1.12 Okukodwa kwalokhu:
- Ngiyavumelana ngoba kwakungafanele athathe imali kaMaKhoza kubuye futhi kube nguye onikeza uMnguni umuthi ozomsiza. √√

**NOMA**

- Angivumelani ngoba phela uNdangala uyasebenza ngakho-ke usiza noma ngubani osefike kuye efuna usizo lomuthi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

6.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka. Okukodwa kwalokhu:
- Ngangizomshiya ngihambe ngigweme ukukhuluma.√√/
- Ngangingakhuluma noMnguni ukuthi akamkhuze umkakhe ayeke ukuphoxa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**KANYE**

6.2 **'INJALO – KE IMPILO' –Khanyisile Nokwazi Nkwanyana**

6.2.1 U-Grade 12 √/Eleshumi nambili.√/ele-12 (1)

6.2.2 Liyafundisa √/Linguthisha. √ (1)

6.2.3 (a) B √/Uthando lukhulu kakhulu. √ (1)
(b) C √/Wayenovalo olukhulu. √ (1)

6.2.4 Mphemba √√ (2)

6.2.5
- Wamvumela ukuthi atadishe nabangani bakhe ubusuku bonke angabuyi. √
- Wamyekisa ukupheka kuze kuqedwe ukubhalwa izivivinyo. √ (2)

6.2.6 'Ngizimisele ngokukwenza unkosikazi wami Nontethelelo.' √√ (2)

6.2.7 Wathi uyofunda nabangani bakhe ngakho-ke uzobuya ngakusasa. √√ (2)

6.2.8 Wayenzela ukuthi angabonwa ukuthi uthandana nengane yesikole futhi wayazi ukuthi into ayenzayo iyihlazo. √√ (2)

6.2.9
- Kuyingozi ukuba uthathekile. √√/
- Akufanele usheshe wethembe umuntu ungakamazi kahle. √√/
- Ukuthi umuntu mdala akusho ukuthi methembe kalula. √√

(Izimpendulo ziyokwehluka.) (2)

6.2.10 Umbono. Akubona bonke abangathembekile. UThisha uNtuli kwasekuqaleni akakaze akwenze ukuthembeka. Siyathola encwadini ukuthi nasesikoleni aphuma kuso waphuma ngesamagundane ngoba esolelwa ezinganeni zesikole noma esekulesi sikole akawuyeki lo mkhuba wakhe. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

6.2.11
- Akabange esaba nenqubekela phambili. √√/
- Waphoqeleka ukuba ahambe ayofuna umsebenzi ukuze ondle ingane yakhe √√/
- Akabange esaba nokuthembeka emndenini wakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha